# UKHOMISHANA WAKWA-SARS UZIMISELE NGOKUWUTHATHELA IZINYATHELO UMBIKO KA-NUGENT

**Cape Town, 17 kuMandulo 2019 –** UKhomishana woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) u-Edward Kieswetter utshele iKomidi Elingaguquki lezeziMali lasePhalamende (SCOF) ukuthi isikhona inqubekela phambili kwa-SARS ngokwenziwa kokuthile ngezincomo ezenziwa iKhomishana kaNugent (iKhomishana).

UKhomishana uKieswetter utshele leli komidi ukuthi inkampani yabeluleki ka-Bain isiyikhokhile imali engu-R217 million kwa-SARS. Kodwa-ke, abasebenza ngezobuchwepheshe u-Gartner unqabile ukwenza okufanayo yize sekuxoxiswane naye izikhathi eziningi.

Uma sibheka indlela lawa mabhizinisi ayesebenza ngayo kumele sikucabange ukuthi afakwe ohlwini lwamabhizinisi angasetshenziswa okusho ukuthi uma lokho kwamukeliwe angeke bakwazi ukusebenzisana nohulumeni waseNingizimu Afrika.

Phezu kwalokho, lapho kusoleka khona ukuthi kukhona ubugebengu obenziwe mayelana nezindaba za-Bain noGartner kuzobe sekudluliselwa ophikweni oluphenya ngamacala aseqhulwini i-Directorate for Priority Crimes Investigation (Hawks) ukuze kwenziwe uphenyo lobugebengu.

Ngenkathi ethula kabanzi inqubekela phambili esiyenziwe ngezincomo ezenziwe yiKhomishana kaNugent phambi kwekomidi i-SCOF, uMnu Kieswetter uphinde waqhakambisa lokhu okulandelayo:

- I-Large Business Centre eyayishatshalalisiwe isiphinde yaklanywa kabusha manje isiyasebenza kanti izokwethulwa emagcekene ayo amasha ngenyanga kaMfumfu;
- Sekuphinde kwasungulwa uphiko oluzobhekana nokuhweba okungemthetho i-Illicit Trade Capacity ngaphakathi emnyangweni wokuphoqelela ukusetshenziswa komthetho i-Enforcement division.  Okuyikhona lolu phiko olugxile kukho kakhulu kuzoba sezindabeni zentela yobugebengu obuhleliwe, izinhlelo zokubalekela ukukhokha intela eMnyangweni wokuThelisa kulezi zimboni ezilandelayo phakathi kwezinye: izimboni zikaGwayi; izitolo ezaziwa ngama-Cash and Carry; izimboni zezingubo zokugqoka nezindwangu kanjalo notshwala.
- Uphiko lokuthobela i-Compliance Unit luphinde lwasungulwa kabusha ukuze luzosiza ekuthuthukisweni, ekuqaleni ukusetshenziswa nokuqapha nokubika ngenqubomgomo yokuthobela kanjalo namasu okubhekana nobungozi;
- Abakwa-SARS bazophinda bavuse i-High Court Litigation Unit yabo, ebese ihlukaniswe yaba izinhlangano zezifunda, nokube nomthelela ekusebenzeni kwayo kanti lokhu kuzokwenziwa ngenyanga kaMfumfu 2019;
- UMnyango wezobuchwepheshe bolwazi i-IT division nawo usimamisiwe ngokuthi kugcwaliswe okwesikhashana izikhala zezikhundla ezisemqoka ngokuqasha ongoti abanesipiliyoni kwezobuchwepheshe;
- Ukuphinda kusungulwe i-Integrity Unit enomsebenzi osemqoka kwa-SARS; kanye
- nokutholwa kwezinsizakusebenza ezinamakhono asemqoka ezizosebenza emnyangweni wezobuchwepheshe bolwazi kuzoqala uma sekuzophela lo nyaka.

Mayelana nokusula emsebenzini kwezisebenzi, kubuyekezwe inqubomgomo yokuqasha izisebenzi ukuze ivumele ukuthi kuphinde kuqashwe ezinye izisebenzi ezikhundleni zalezo ezihambile ngezizathu ezahlukene. Izisebenzi ezazifakwe ezindaweni ezingenamsebenzi manje sezinikwe umsebenzi obalulekile.

UMnu Kieswetter uthe manje umatasa nokubuyekezwa kokusebenza kwamalungu e-EXCO njengokwezincomo zikaNugent nanjengomholi ongenayo ozohlola amandla abo bonke ubuholi. Kumanje kunemihlangano yokuqondiswa kwezigwegwe abantu abathile ababhekane nakho. Njengoba imihlangano ye-EXCO isamisiwe nje, kusaqhubeka ukubanjwa kwemihlangano ethile emayelana nokusebenza kwa-SARS nethimba leziphathimandla.

Yonke imihlomulo yamalungu e-EXCO kanjalo nokuqashwa okwenzeke ngaphandle kokugunyazwa yihhovisi likangqongqoshe sekuthunyelwe kuNgqongqoshe ukuze akubuyekeze bese ekugunyaza ngokweSigaba 18(3) soMthetho wakwa-SARS.

UMnu Kieswetter uthe kusukela mhla lu-1 kuMfumfu 2018, abakwa-SARS bayeka ukusebenzisa i-VAT yanyanga zonke

emalini ebuyayo abazibekele yona ngenhloso yokunciphisa izimali ezikhokhwayo ezibuyayo ngenyanga ethile. Kunalokho, uma kukhona imali ebuyayo okumele ikhokhwe, iyakhokhwa ngaphandle kokuthi kubhekwe ukuthi bebezibekele ukukhokha malini ezimali ezibuyayo ngaleyo nyanga.

Lolu shintsho kule ndlela yokwenza sekwenze ukuthi ngonyakamali wezi-2018/19 kukhokhwe imali ebuyayo engu-R30 billion ngaphezulu.

Mayelana nezindleko zezomthetho ezibangelwe uKhomishana omdala, uMnu Kieswetter uthe abakwa-SARS baphakathi nenqubo yokuzama ukuthola nokubuyisa izimali ezibandakanya uhambo olwalungagunyaziwe olwaluya eRussia kuLwezi wezi-2017 kanjalo nokubhekana nezindleko zezomthetho ezabangelwa ukufuna iseluleko sezomthetho ngodaba lukaMakwakwa. Lezi zindleko uma zihlangene ziba yinani elingu-R2 143 167.42.